NgoLwesine ebusuku kwakunesiqhotho. Kwaba nezikhukhula endaweni.





"Amanzi! Amanzi!" kumemeza umalume.

Indlu kamalume Maqhuzu yayigcwele ngamanzi.

Kwakunamanzi yonke indawo endlini. Lalingekho igumbi elalingenamanzi.

Umndeni awuzange ulokothe ulale. Wawulokhu ulindile ubusuku bonke, ulindele ukuphuma kwelanga.





Ekuseni umalume waphuma wayogubha umsele ngepiki.

Wagubha ngasemnyango ekhishini ukuze akhombe amanzi indlela.

Kepha amanzi abelokhu engenile endlini.

Umalume Maqhuzu nomndeni wakhe basebenzisa imishanelo ukuqhuba amanzi. Bazama ukuwaqhubela ngaphandle, kepha lutho ukuphela.

“Qhabo! Lamanzi maningi”, kusho umalume.





Baqhubeka nokukhipha amanzi basebenzisa amabhakede. Kepha amanzi ayelokhu eqhamukile!

Kwabonakala ukuthi kudingeka izandla ezininingi.

Babelokhu bezama ukukhipha amanzi. Umalume Maqhuzu wakhumbula ukuthi kunabasizi bomphakathi.





Umalume Maqhuzu washaya impempe ebiza abasizi bomphakathi.

Baxoxisana ngaloludaba laze lavela iqhinga.

“Kuzomele wonke umuntu abambe iqhaza kulenkinga”, kusho abasizi.

Abasizi bomphakathi baletha amaphayiphi amanzi. Yilowo nalowo wathatha iphayiphi emzini wakhe.





Bemba imisele ukuze bafake amaphayiphi.

Bakwazi ukubhekisa amanzi endleleni, bewahambisa ngamaphayiphi.

Iqhinga labo lisebenzile!

Umalume Maqhawe nabasizi bomphakathi bahlala phansi.

Babekhathele kepha bayaziqhenya ngesenzo sabo.

Umphakathi usephephile.

Umalume nabasizi bangamaqhawe!

